Isifundo seSikole seSonto

Esesi IX March 2.

UMBIKO WEZINHLOLI. Imib. 13:17-33; 14:1-24.
ISITATELO:-"Yiyo le inqobo enqoba umhlaba kona ukukolwa kwetu." 1 Joh. 5:4.

UIsrael waeseke wahlangabezana nobulukuni ekuhambeni kwake ehlane esuka elulwandhle olubomvu, entula amanzi nokudhla nokubalela kwelanga, nesita ngendhlela kanye neminye imi twalo yokuhamba. Dukuduku besanda kwamukeliswa imiyalo eyishumi neminye imiqondiso kaJehova basuka baqonda enyakato babhekisa amabombo ezweni lesetembiso sesebona nje ukuti izinhlupeko zabo sesizopela, ukuti sebesongena ezweni lobisi nezinyosi lapa bazocengcenyeka bajabule. Ekufikeni kwabo emnceleni wezwe benza ngokuhlakanipa, batuma izinhloli ngapambili ukuzohlola izwe ukuba babone okuyiyo indhlela engaba yinhle yokungena izwe babone nezita abangase balamelane nazo ukuse balungele ukuhlangabezana nazo, nokuba babone ukuba banganaba kanjani ezweni uma sebelingenile. Kwaketwa zaba yishumi nambili izinhloli ukuyohlola izwe. Ngesisila eziyishumi kusenga zingaketwanga. Kwaba yinkati ehambile amadoda la. Abahambanga umshungu, bahamba ngababili. Balifumana izwe linjengoba kade beliswa linamadhlelo amahle kakulu esinkomeni, linesitelo nezilimo ezifanele abantu. Uqobo kwabe kuyiliswe eligobhoza ubisi nezinyosi. Kepa balifumana izwe lakiwe yisizwe esinamandhla esijabele. Eziyishumi izinhloli zabuya izwe zilibone ngamehlo abantu ezimbili zabuya zilibone ngakaNkulunkulu.

Eziyishumi zati abantu bakona bayimidondoshiya, bangeke bahlulwe ngu Israel, nakati lona izwe livundile linomcebo. Ezimbili zabuya nokuti noma abantu bakona beyiziqwabadiya bebaningi noko uNkulunkulu uzaubanqobela uIsrael. Babezibona isita njengoba sibonwa ngeziyishumi kodwa bakolwa ukuti zingaoqotshwa. Ngesisila abantu (uIsrael) bakolwa eziyishumi kunokukolwa ezimbili. Lapo-ke insolo eyavelela uMoses! Bati baholwa bakishwa eGipita betenjiswa okukulu ngezwe lesitembiso manje sebefumana ukuti abanakungena kuleloswe lesitembiso ngoba abantu bakona yisiqwa badiya. Babe ngayekwa yini basihlalele kona eGipita bazifele kona kunoba bazobulawa yindhlala lapa na ukoma ehlane nokuba bazo kwahlulwa yisizwe esiyisiqwaga?

Kwahlwa nesinyama lapo kubona ngoba babona yonke into ngapandhle kuka Nkulunkulu nangoba basebekhliwe ulwandhle olubomvu. UNkulunkulu owabadubulela ulwandhle olubomvu nowabapa iMana ehlane waengebasize abanqobele izizwe lezo zaseKanana? Akubabali ukuba oJoshua no Kaleb badabula izingubo zabo! Akumangaleki nokuti kuze kufanekiswe ngokuti uNkulunkulu usediniwe yilesisizwe usezosilahla ati amavaka angapele mkuba angafanele ukutiwa abantu bake. Useti menze isizwe esisha ngenzalo kaMoses. Kepa uMoses lapa wapinda wabanxusela abantu, noNkulunkulu wabuye wababekezelela wabanika elinye ituba kepa esikundhleni sokuba basale sebe ngena kona ezweni ngalesosikati bazauke bazule ehlane iminyaka engamashumi angama 38. Kwati ngaleyo nkati bonke ababe nalabo abapuma eGipita bafa yindhlala nokuhlupeka kwasala oKaleb noJoshua okuyibona kupela abadedelwa ukungena ezweni lesitembiso. Abantu bala ukungena lapa benetuba ngako ababe besavunyelwa ukuba babe besangena. "Umoya wami auyikuhlala upikisene njalo nomuntu."

Sonke sesisondele nezwe lesitembiso kunoba sicabanga. Ziningi izita nezilingo esidinga ukuzinqoba anduba sikudhle ngoqobo ukup'la okupakade. Inxa sibuka izilingo eziningi ngamehlo etu siyauteneka amandhla, kanti uma sizibuka ngamehlo kaJesu siyobona ukuti ukunqoba okwetu ngoba njengoba wazinqobela yena nati angasinqobela. Akuko siilingo esingapezu kwamandhla etu. Nga singabi naluvalo lwaluto ekuhambeni kwetu kepa setembe kahle ukuba uNkulunkulu asinqobele sibese sihamba silidhla.

Inxa sala ukungena lapo isikati sesifikile koti lapo sesifuna ukungena sibe sesepuzile sibese sivalelwa umnyango.

Sukani namhlanje pingene ezweni lesitembiso lempilo emnandi etokozisayo yasezulwini kona lapa emhlabeni.

KUFUNWA.

Umuntu okwazi ukwaka indhlu yamatshe nozingi. Ofunayo malobele lapa kimi.

CHIEF C. LUTAYI,
Georgedale,
Cato Ridge.

INTUNGWA YENKWANTSHU.

Akudingi ukuba udo ulunywa yisisu uzibhonqa noma ube buhlungu ematunjini. OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula auze ungageja ukunika ikefu nakosegule kanjani. Wufune kona namhlanje, pela asisayikubako isikati sokuwufumana inxa sekusukile Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ezase Goli.

(Ngu MBHALELI WETU.)

Akubantu abafuna umsebenzi lapa eGoli.

o o o

Lomisile kulamasonto osekuse kwaba nga itwetwe lokuti ngahle umfulawe nja yaseSipeyini ubuyenje. Wo, uma ubuya yini wena ongeyibone!

o o o

Loku nodweshu lwabadubi seluvu kile nje impela indaba ayisekeki ngoba okungoKayehlangeni sekuti kona, izi ndaba zako zitikinyezwe indhlu emnya ma, ngoba isale isebenzenje uhambe umsebenzi kungabonakali noma ukona ongeko. Sekupete imahiza isigqigqi Mpande kekona. Ingahle isukane nje!! Uyadela wena oyaubona umlungu evika amangwevu.

o o o

Amadoda emi ngenyawo ngodaba loku wela kodwa eNatal kute nya. Indaba leyo maZulu.

o o o

Uti umnumzane wamaZulu Trading Co., utole ucingo oluvela kuSolomon kaDinizulu eti, "Pambili maZulu, kwa kose kube nini na?" Yebo wena weSilo umlomo wako nokufisa kwako, nkosi yamakosi kopumelela. Bayabonga aba AmaZulu Trading Co., ume njalo muhle kazi. Impendulo leyoke.

o o o

UMr. E. kaShumi usahambela nga soTungulwini. Sengati ubiswe enye yamakosi akwaBhaca uma eze no mbila, itembise ukuti ifuna 200 bags; lifile elakwaBhaca.

o o o

Uyokwehla naseDundee futi lapo ehamba no100 bags amabele nombila. Impela bayalushisa upendo lababafana. Setemba okuhle ngomuso. Sengati woti ebuya kwaBhaca abeya ngasekaya ayo bona ixegu, akotwe nayidhlozi lakwa Qwabe. Imihloya Musi.

o o o

AmaBhunu lana angonhloko zilukuni. Iloku kwasa elwa noKing kuleliswe, asenengwa nayimvuzulo nje. Sukani ninocuku, kade kwasa nivubukula utu tuva.

o o o

U C. S. Mabaso, waseGoli usate rulukuqu ngesikaCongress eSwazini kwaNgwane. Sengati utunywe ukuyaubonana neNdhlovukazi ngodaba lokuwela kwamaNxusa. Kade wasiko nsela isiswe lomfo wakwaMabaso.

o o o

Mr. M. M. Fuse, loludaba lwako loku xabana kukaZulu nabelungu kuhle ulwa ke lube yibhuku ufune ubufakazi bako njengoba wenza nje wenze iBook yako. Nxa ungenamali Mpande kekona soyiko ka lakiwe. Ukuze simuswe olanda iqiniso.

o o o

UMr. L. Goba umnomzane wakwa Ngonyama uhlezi kabi impela kanti no Rev. Goba indhlu yake isalele yonke pansi. Kubi kwako wena wakwaGoba.

o o o

Ijoyini ingena ngezinkani esinkompo ni kanti kusavaliwe kwabaseMpumala nga, ngawo lomfulawenja yaseSpain.

Imigilo yaseGoli yamapoyisa.

INGANE YASHIYWA ESTALADINI.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Indawana Nkosi yami epepeni lako elidumileyo, ngishiswa ngengikubone esitaladini zaseJozi. Nanjengoba nazi ke ukuba umuntu ontsundu uma engapuza utywala bomlungu noba obemvelo yake upenduka abe mhlope, leyoke ngenye yezinto esesabekayo kubalungu balelizwe. Wenziwake umteto ukuba ofunyanwa enabo aboshwe. Loku kwayinto enhle kubelungu ngoba kwandisa iziboshwa ezindaweni zonke zeUnion of South Africa. Zakatwake, izigaba zokuhambe zitengisa utywala kubantu, abanye balandele ngasemuva bebabopa labo asebebutengile umfazi nendoda. Iyona mpilo yalapa eJezi yonke imiGqibelo namaSonto kugcwaliswa izitokisi. Ke namhla ngibone into engingazange ngiyizwe nangendaba ukuba iyenziwa lapa. Ngomhla we 10 kuFeb. lo, kuboshwe abafazi abaningi kakulu, pakati kwabo omunye wabo enomntwana obudala bungaba zinyanga ezilishumi, bate uma sebekishwa enkantolo ukuya ejele, lati iPolisa lomlungu kwelomuntu alimkumule umntwana emhlana limbeke pansi esitaladini. Nempela kwabanjalo wakunyulwa umntwana washiywa kona lapo eduze nasenkantolo. Ngimshiye kusabutene abantu kuye bemangele yiloko kwenza. Injaloke impilo yomuntu omnyama lapa Esilungwini. Xola Mhleli ngokwelula.

Yimi,
WM. G. CHAS. NXUMALO.
Jo'burg.

KON'OKUDINGAYO.

Mus'ukuba yiloku wagula iminyaka yisisu esibi. Ukuginga izinhlamvana zikaChamberlain ziyokwelapa nya. Ziyiko xo okudingayo. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

Ezase Ndaleni

Abantwana baqube kahle kakulu emaKoliji nasezindaweni lapo bebefunda kona. ENormal, eEdendale kupumele ao:-Leonard Nyide, ku2nd Grade; Andrina Mtimkulu, Horace Mndaweni, Jonathan Nkala, ku3rd Grade; Spencer Kunene, Elka Hlongwane, Mitchell Majozi, Ella Dhlamini, Jane Bhengu, kuStd. VI; Louisa Ngidi, Catherine Mtembu, Elsie Mazibuko, Lionel Mndaweni, James Mcunu, James Gubevu, Elleline Mcunu, Ethel Nkala, kuStd. V.

o o o

Amahemuhemu ati iSpring Rose Lawn Tennis Club ilungiselela ukutshayana neTeam evela eGoli ngama-Easter Holidays; kanti futi iRising Star F. C. yoba iqtelene neDefenders F. C. yaseGeorgedale. Asazi ke bafana basekaya silindele into enhle kakulu.

o o o

UTishera wakiti (Mr. J. G H Xaba, President for Natal Native Teachers' Conference) nonyaka uzofundisa nabafundi bake abadala ababili. Nonyaka usevula uStd. V. noVI. Uzokwelekelelwa ngawo:-Mr. Robert Dhlamini, Misses Mtolo, Mwandhla, Hlongwane, Ndwalane.

o o o

EKoliji kuzobamba uMiss Annie Mqadi, iponikazi yaseFair View M. S; eyatwase eManzimtoti. Siyakubingelela ntombi!

o o o

Iyatandeka leKoliji yakiti. Nonyaka kufike uMiss Olive Motshumi wase-Kroonstad O.F.S; owapumelela P.T.1. Cape. Uzofunda iDomestic Science. Ubebamba namadodakazi eHlubi eHdume kakulu uMr. T. M. Mapikela, Bloemfontein. Noko nonyaka abantwana abafikanga enanini lanyakenye.

o o o

Loku pela uMr L. C. Z. Nyide ubekade efunda eEdendale manje upase u2nd Grade. Kungati uzofundisa ngaseMgungundhlovu. Siyambongela uNyide, Peter, ngempumelelo yendodana yake. Kade washiya umuzi wake wayosebenzela abantwana bake ukuba batole isinkwa. Ube nabantwana abatatu eKoliji. Inkosi ibe naye emzamweni wake.

o o o

UMr. R. L. Dhlamini obekade efundisa kwaMangqamangqamana (Rev. James Dewar) kade evakashele eMzimkulu, manje usezofundisa ekaya.

o o o

OMisses Agnes Mtembu noConstance Kanyile bahamba bapindela esikolweni lapo kade befundisa kona.

o o o

UMiss Mtembu ufundisa eNew England, uMiss Kanyile ufundisa ngaseBulwer. Hambani kahle!

o o o

Insizwa uMr. H. H. Msimang wase-Driefontein uke wati qu lapa ngaseLovu kadadewabo uMrs. S. S. Luhlongwana. Lensizwa inhle impela. Abafana ababe nayo eEdendale bayijabulele kakulu ukuyibona.

o o o

Loku pela umuzi waseLovu uyakulakula sekuze kwandiswa indhlu yesonto, nesikole sesandisiwe impela; naseKoliji sokuyisidhlidhli.

o o o

Lise linengi ibuto elisha eliye eNormal (Edendale) nanonyaka sipaule ao: Gertrude Kunene, Ella Dhlamini, Elka Hlongwana, noMitchell Majozi.

o o o

NaseVangelini umsebenzi uhamba kahle inqaba. Ngonyaka odhlulile emalini kaRona kwatolakala £27 kupela, namhla kutolakele £70. Loku kwakukona isikweledi eSeketini asiseko, sekukona nemali elondwe eBangi. Asazi ukuti ababuti babobuta kanjani, kwazi bona bodwa. Nonyaka emhlanganweni weSynod umuzi ubutumele uMr. Joshua Mtimkulu.

o o o

ISIMANGA.

Kuvele uhlobo lwenhlava emasimini olubhuqa insimu ngelanga. Asazi bakiti sehliselwa izinto ezinzima njalo.

AKUDINGEKI AMATYPE AKANGAYO.

OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula awudingi magama akangayo ukudonsa amehlo abantu Kona ukusho nje ukuti bonke omkemisi bayatengisa ngawo kwanele, ngoba yonke imikaya iyawazi inana lawo. Ususetshenziswe iminyaka engamashumi amane, useyiloko obizwa ngako Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu.

(M. M. FUZE.)

Wasala kona lapaya ezindongeni eziwelela eSandhlwana uMkosana kaMvundhlana wakwaBiyela indun'enkulu yoKandampemvu, ngokuvutela kwamasotsha.

24. Kwaba ukucitsha kwelanga kuleyo nkati ukungena kwamabuto kwotente, umuntu wakohlwa nje ukuti ilanga litshonepi loku belibalele njena. Babagweza-ke abelungu, bawufaka enkomeni nasembongolweni nakuko konke okwakukona lapo. Wo! alwa ke amasotsha ansondo. Kwat'uba amabuto afike kuwo awakake, ema afulatelana, induna yawo eyat lapo uCol. Durnford kutiwa walwa waza wakakwa yizita kuleyo'ndawo, maningi amabuto awafela kuleyo ndawo. Po, loku kuliwa njalo kusuke kwahlukmana nabanye abati baya zipindisela nabo kwaZulu namhlanje loku kuyobulawa uZulu owaka wasibulala kangakaya; kutsho iziGqoza, amaNgwane namaCunu; okwati noma is'iyibhica, lapa uSikota kaMpande ebona sebekakwe impi, wati kuGabangaye kaPakade "Asibaleke, ngiyazi uZulu angenza njena ukuti sesifile," wati "Ake wenze kuhle, kengibone ukubamba kweMoungulu" (ibuto likaPakade.) Wasala kona lapo naye, kanye nayo imbuugulu kayise leyo. Kwafa amaNgwane neziGqoza namaCunu kwati lohle; ukupela amakolwa aseEdendale awasiindayo, nawo esizwa nguCol. Durnford owati uba abone ukuti sekukubi wawaxotsha wati mawabaleke kanye nabeSutu bakwaMbunda. Ningezwa kutiwa bapela nya abelungu lapo eSandhlwana, kwapela naye uZulu uqobo, ngoba kwalwiwa impi eyesabekayo. Kwati kulolnya upoudo olwabangaseNyezane, kwalwiwa kwaba kubi nakona, ukugcina yabavimbela leyo abelungu neWombane, bahluleka ukudhlula baza bemba umgodi (isikaniso,) yati eyakwaZulu yahlala ngapandhle kudana yabalinda. Kepa nayo leyo yawubhuqa uMxapo ngezinhlamvu; kwati ngokumangala kwabelungu, bebona umxapo usekona, bawuqamba ngebizo lokuti, "Umpunga ongafiyo," betsho ngoba bebona izimpunga zamadoda ezifa zingapeli, kungaloko bati, "Umpunga ongapeli." Umxapo wabavimbela njalo eWombane kwaza kwapela amasonto kungati amane, kulindwe umtelela wempi epuma petsheya. Kuleyo nkati lonke izwe laseNatal lase lihla'ele ovalweni, lidhlela ogageni, kepa noko uZulu kezanga lapa eNatal. Noma ngingekuhope ngikuqinise loku, kodwa noko ngiyatsho ngiti: kwakufanele uSobantu abelungu bambonge bambongisise, owaluleka inkosi wati kuyo ize ingaweqi umncele we'akwaZulu; ngoba nempela yabe iyinkeife ipele imipanda kusalindwe impi lena epuma petsheya, nempahla futi yaiyauke yonakale anduba kuze kufunwe enye uma waefikile uZulu kaMjokwana kuleli.

25. Kanti-ke kuzauti uNdi nezipukupuku zalo, luti ngokungayitoli kwalo impi lapo eSandhlwana, luti ngokukumbula amazwi alo okapikisana namanye amabuto kubangwa impi, na ntuya luxotsha abelungu luze luyakubakweza ngapetsheya kwoMzinyati, lapa abelungu bafika bangena kona kwenye indhlu. Bati uba bangene kuleyo ndhlu basebetshisa enye ngomlilo benzela ukuba babone kahle impi. Mamo amakehla nezinsizwa bazama ukumba ngemikonto indhlu ukuba bangene, kepa abelungu banqaba isibi lesi kuleyo nkati batata ngenhlamvu, kwaza kwaba izinqwaba zabantu bebulawa nganxanye. Kutiwa kwaku abelungu aba'mashumi matatu kupela ababekanise lapo, kwaza kwasa beti bazama ukungena, kepa abelungu baveza imiloma yemibhobho yabo babadubule.

Kwaza kwati ekuseni uZulu as'ehlulekile ukungena kuleyondhlu, wakukula, sebepele nya abantu lapo, kanti ngasemuva lapaya eSandhlwana ate amabuto uba ayigwaze ayiqede eyabelungu angena ngapakati kwotente apanga impahla engapakati, kanye naopalafini laba kutiwa ngugologo kwapuzwa; waba munye nje lapo umuntu ozibika isisu, abanye bafa uqobo. Yati uba ipange konke loko yakukula yaya kungenisa. Ite ibuya lena ehamba nenkosi uGeneral Lord Chelmsford yase ihlangana neyakwaZulu isibuya eMangeni, lapo ibe iyobulala kona amaxegu namanina nezingane. Kutiwa yapambana kude-buduze, noko kayaze yabakona efuna ukudumela enye ngenxa yokuba yase ikatele yombili, nabelungu bengasenazo izinhlamvu sezipelele eMangeni. Kutiwa kwati ngokubulawa okukulu kukaZulu lapo, kwaba yilowo watwala impahla ayipangileyo kwotente waqonda emzini wakubo kaze waya kwomkulu enkosini,—isici esabonavalisa ukuti amabuto apelile noma ebaqedile abelungu. Kutiwa nenkosi uqobo yamangala nje ibona lowo mkuba owenziwa ngabantu, yasola nayo, yabona ukuti impi yayo yahlulekile noma ibaqedile abelungu. Ite noma seiti yabaqoqa kweyela, ibona bengaseko oBani naoBani. Kwahlalwake kwatulwa yabuye yaxoxwa ngokunye kulawa'masonto amane okwa kusate nya ngawo. Amabuto ashaya amahubo okuti: "Umlungu wahlab'inkosi Uzondelel'inkonyana yenkosi! Siyamtanda zintshwayintshwayi; ningepinde nihlabe," namanye nje amaningi amahubo.

Sibonele emaPrestanteni

(Ku Mhleli we "Langa.")

Ngicela ukuvunyelwa kengixoxele abafundi be"Langa" ngesimnandi sala pa kiti eOakford ngiyatusa ngibabasa ngidumisa into enhle esiyenzelwa iba ndhla laseOakford ngesandhla somfundisi wakona odumileyo uFather Matthew. Isipelile indhlu ekade yakiwa bandhla okuyakuti mhlasana ivulwayo abutane onke amadoda aseOakford asiwayo futi etenjwayo ukuze atyelwe izindhlela nesiqamiso sokuqubela umuntu omnyama pambili kwesokukolwa nezasemhlabeni ukuba umuntu asenze yena ngokwake abe umuntu konake abanye abantu beyomhlonipa. Lendhlu ite isamemeza isimali sokuyaka ulimi lommemezeli iwavamisa kakulu ukusiza imiqondo yabantu ukuti lento esisoyenza inhle ilusisa siyibonile ivamile impela kumaProtestant. AmaProtestante ayasiqenya ngamasu ngenxa yokwenza izindhlu zesinhlangano. Kukona ukuhlonipana pakati kwawo. Bayalalela na emazwini, bayesabana ngesikundhla, kukona abancane nabakulu. Njaloke nayo iOakford le ifuna ukulahla ingubo yobutongo basemini ngoba bucoba umzimba. Kepake madoda aseOakford uma nifuna ukutata isikundhla lesi esipetwe amaProtestante qondani into ibenye ukuti amaProtestant ayabekezela noma kulukuni.

Papama wena Oakford.

STEPHEN F. MATOBELA.

Ngomakoti otolakele.

Ngicela indawana baba kengifake lamazwana alababantu umakoti nomyeni engiwafunde "eLangeni" lika 7-2-19. Indaba yokuti, "Utolakele umakoti owalahlwa inowadi efana neyendoda yake." E, mina ngicela ukuba sitokose sonke isigaba ngalendaba noyise ukwenzela inkosazana yake idili ngiyakubonga loko. Kodwa ikona into engiyiswela ubuhlungu ngoba unina afunyanwe enesono sokuba akohliswa ngenye indoda akasatoli isikundhla njengendodakazi yake; nangezwi futi alipendule kumyeni wake lokuti wona naye ukuba anike imihlobe yake isinowadi somsi wake. Mina ngifumanise ukuti uqinisile umakoti kulelo, ngitike mina kuhle ibandhla lipenyele umyeni lawomazwi nomakoti. Kasiswa ukuti lomuntu owamebayo owanga sekaya kubo. Uma kungowakubo lapo unecala umakoti. Kepa nayo inecala lokuba ahlale engalobeli ekaya, nomkake asatengise ngezinkomo sonke abuye ase akupuke kungafike nowadi evela kumyeni wake. Ngicela mina ukuba kebayibheke indaba yake neyentombazana leyo ehlanzelwa unina omncane, ngoba naye unina uyamtanda ukuba adhle ifa nayo indodakazi yake. Okungcono kuhle asale esemenza unina wake umyeni wake kunoba amlahle esebuyile. Ngiti sonke isono siyatetelelwa ngoba usekulile futi negama lake selesabeka. Nawe futi myeni aunamandhla ukuba uganwe ibo bobabili kuhleke ubhekiswe ibandhla amasu ukuba ungamenze njani na. Ngiti iloko okungcono ngoba nawe aunacala nayeke mpenyeleni into angahlala kahle ngayo ngoba sonke izinto silungiswa ukukuluma.

Oh! Baba uze uxole ngokwelula kwami.

Imi owako omncane,

E. N. MTEMBU.

Driefontein Club.

Abantwana beSikole Abapapatekileyo.

Le yinkati yonyaka epapatekisa abantwana besikole. Bevaleke endhlini amahora amaningi ngosuku, belungisa izifundo ngakusihlwa, mhlaumbe begu beka ekutoleni ukuxukusa imisimba okwanele pandhle, igazi labo liyahlweza. Ake uqatanise ubuso bomntanako noba buyiko ngehlobo elidhlule. Katisimbe sukubonanga ukuti igazi selihlweze kanjani ngoba ukupenduka kwalo kwaya ngokuya.

Inxa umntwana okade ecacile epapeme esegqunqa seku umsebenzi ukudhlakuye, eseqoma ukuhlala pansi afunde kufanele ukusola ukuti igazi liyahlweza nokuti um'ntwana upel'amandhla. Ngenye inkati kubakona ukukwelwa yikanda nokupuma umongozima. Loko kufakazelisa insolo leyo. Lesisimo sine ngozi eningi ngoba igazi elilula li umnyango ovulekileyo ezifweni eziningi ikakulu ngenkati evamisa ukuguqula umoya. Kepa yisimo eselapeka kalula inxa siputumekile. AmaPink Pills kaDr, Williams angatolakala nakumupi umkemisi noma ngqo kwaDr Williams' Medicine Co; Long Street, Cape Town ngo 3s 3d. ngegabha libe linye noma abe situpa ngo 18s ungakokeli posi. Igabha linomuti olingene ukwelapa amasonto amabili. LamaPills angabaki abakulu begazi nabahlumisi. Ayiwona muti du wamandhla ongabilile odigwa abantwana.

Ziyingcozana isifo ezidanisa njengokuluma kwezangemva. Kucisha ukuba bungehli ubutongo umuntu angapumuli. Isigcobo sikaChamberlain sinika ikefu usasifaka, bese kuti amadoshana ayingcozana atate kanye okokupela. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukwonakala kwentsha

Kusukela esikatini esafika abelungu kuze kube namhlanje, abantu bakiti abasafani njengezikati ezingapambi kwalesi engikaluma ngaso; futi bangeke basaba njengoyisemkulu noma umuntu etanda.

Imikuba yonke yakiti asisayazi, nesisayazi asiseyenzi. Ulimi lwakiti asisalwazi ngokuba sati ukuba singene ekukolweni nasemfundweni, sase siba nobuta ngezinto namasiko akiti; satatwa ihlombe lamasiko abelungu, yiti labaya! Namhla sesi ngundinga'sitebeni kuhle kwensonyama.

Kepake uswe abantu bekala ngokuti intsha yonakele. Ehe, yiqiniso lelo elingepikwe nangoyedwa. Ukuba intsha yonakele du, umuntu uze acabange songatiti akuseko noyedwa pakati kwabantu abatsha osafanele.

Abantu abatsha boniwa utshwala nokwehluleka ukuzitiba. Yini eyenza loku na? Mina ngiti loku isifo esivezwe ukulahla kwetu imvelo yakiti ngokwetemba ubukosi kanye namasiko abelungu, kepa sibe singasoze safinyelela ndawo. Njaloke akusoze kwasisiza ukuhlokoma kwetu kokuti, "Intsha yonakele" Nxa sesibheka kahle, sifumanisa ukuti izwe lakiti lifile, akuko la lisenengcuba ngakona. Sifumanisa abazali uqobo lwabo bonakele njengabo abatsha. Kuqoma intombi kuqome inkosikazi. Kuqonywa insizwa kuqonywe indoda. Izintombi zinamashende kanye nonina. Izinsizwa zinamashende kanye noyise. Konke loku kwavela emva kwokulahla kwetu imiteto kanye namasiko akiti.

Kepa intsha ingalunga kanjani kulengxoviya na? Ngiti nonke niyazi ukuti umntwana ufunda ukukuluma kunina noyise. Akako umntwana ohgati unina noyise engumuntu, kepa yena akalume isiKula noma isiLungu, ngapandhle kokuba ehlezi nabo. Abantwana babatakati batj bekula bese bekwazi nabo ukutakata. Umuntu opuzayo akanamandhla okuba ati akungapuswa. Nomzali ongakwazi ukuzibamba angesho ukuti umntwana wonakele nxa elingisa yena.

Makosikazi banomzane, fundani ukuzipata kahle ukuze abantwana benu babe yiloko enitanda ukuba babe yiko.

Yimina,

A. C. MASEKO.



Ovumela uMr. J. Ray Msimang.

(Ku Mhleli we "Langa" laseNatal.)

Indawana baba epepeni lako elidumileyo kengisekele uJ. Ray Msimang ngiyabonga kakulu onke amazw'ake ukulume njengendoda eqoto impela. Kepa po weza Mhleli umpendula utini? Uti kambe kuwukuhlakanipa loku ukuba iNatal ipenduke idikazi isikati esingaka na, futi kuhle ukuqondanisa umhlangano weN. National Congress noweNatal na? Amadoda ayomela iNatal ayoketwa pi na? Kanti nina Mhleli nihlezi ehlane yini la' ningezwa ukuti abantu abaningi bayavungazela? Iningi liyakononda ngokuzwa uDube engasayishayi mkuba indaba yokuya pesheya namhla ngoba engase yena uMongameli kanti ngapambili uyena okade eye pesheya. Nanamhla wena Mhleli ubonga ukuba umhlangano kaNatal N. C. uze ube ngoEaster na?

Uma impela ukutata kuDube lo ko akasaqonde luto ngabantu usefuna ukuzenze'a ngotando lwake. Bengingati waketwa izwe benoRadebe?

Po upi umhlangano aumemayo wokubikela abantu ukuti uMini noGumede balile ukusuka ezihlalweni? Bengingati izwe lizwe uDube eseti ulahla pansi uje lingazi ukuti konakeleni? Bengingati uyazi Mhleli ukuti loDube izwe liqalise ukubonakalisa ngaye ukuti indhlu emnyama izakubazi abaholi bayo, nangemali ebalwa ngamakulu yecala likaMuhle na. UMini noGumede banzima kakulu kunecala likaMuhle na? Uma uDube noRadebe behlulwa uMini noGumede bobhekana kanjani nezisheke ezimhlope eziqonde ukuba umuntu omnyama abe amakoba emoyeni na? Ca madoda leudaba ilukuni kabi selo'kwabekwa pansi izikali izizwe ebezilwa zonke, zingene ekuxoxeni okukulu ngamalungelo azo nangamazwe azo nangenhlalo yazo kodwa tina Natal asizange sikulume luto ngoba asisenahlangano kepa saketa amadoda sawabeka. Mhleli asitandi ukuba izidului ngalesisikati samaxoxo amakulu kangaka ezizwe zonke noma kuzovela okubi asixoxe noma kuzovela okuhle asixoxe nati, njengezizwe zonke. Kade sasilahla igazi letu ezimpini kepa emva kwaloko semkele izinyembezi abamhlope bemkele intokozo. Namhla sikulile kusho lona i"Langa" laseNatal liti asingade sizenza izingane. Akusibo ubungane lobu ukuba s jabulele ukuhlala singabi namhlangano ngalesisikati esishisa ekaleni kangaka na? Sizolinda ukukohliswa ngosikinkili nanamhla na? Ca mina ngiti ngabezibika nje oDube noRadebe ukuti behlulekile ukuhola isizwe, izwe likete abanye abangasoze bavinjelwa uChief Mini noMr. Gumede. Asitandi tina ukupendulwa amadikazi singazi ukuti kufe bani. Umhlangano kaNatal aubizwe kona manje nganeno kwe-Easter.

Imi,

I. H. MKIZE.